# *UKubekwa KwabaDikoni*

Futhi, lokho ngukuthi, ukuthi okokuqala ukubekwa kwamanye abadikoni ebandleni. Futhi ibandla lethu elincane lapha liyazibusa. Alinalo noma yiliphi ihlelo noma ngabe yini ukuthumela abadikoni balo, likhetha abadikoni balo. Likhetha umelusi walo, likhetha abaphatheli balo, likhetha konke okungena futhi kuphume ebandleni. Akukho muntu oyedwa onegunya ngaphezu kwanoma yini, yibandla. Futhi ibandla yilabo abafikayo futhi beseke ibandla ngobukhona babo, ngokweshumi kwabo neminikelo, yilabo njalo abanegunya elisemthethweni ekubekeni okunjalo.

2 Futhi ngifuna ukubonga ibhodi eledlule labadikoni, futhi ngikusho kusuka lapha kulo lonke ibandla. Uma noma yimuphi walabo bazalwane belapha, obekunguMfowethu Cox, uMfowethu Fleeman, noMfowethu Higginbotham kanye noMfowethu Deitzman, basinikeze inkonzo enhle, banikeze iNkosi, lulelitabernakele.

3 Futhi njalo njalo, ngokwemithetho yebandla, minyaka yonke, abadikoni noma abaphatheli ngokuzenzekelayo bagcwalisa isikhathi sabo. Futhi uma befuna ukubuya, kuhle. Uma bengafuni ukubuya, khona-ke bengabeka abanye ezindaweni zabo, ukuthi lelibhodi selisulile.

4 Futhi ngobunye ubusuku ngabiza ibhodi yabaphatheli, okungukuthi kunebhodi elisha lababaphatheli. Futhi ngiqaphele uMfowethu Luther McDowell lapha kulobubusuku, siyajabula ukumbona engaphakathi, okungukuthi ngokusemthethweni ubesebhodini lababaphatheli. Ngehlile kuleliviki ukuthola futhi ukuhlola ekubeni nekhophi ethwetshuliwe yenziwa, ezokwethulwa ebandleni, futhi. Ukuthi abaphatheli bebandla manje nguMfowethu William Morgan, uMfowethu Mike Egan, noMfowethu Banks Wood, noMfowethu Roy Roberson. Futhi yiwo wonke lomuzi, ngaphandle kukaMfowethu Roberson lowo ohlala phakathi kwamadolobha amabili. INkosi ibone lawomadoda efanelekile, futhi bebengamadoda ahloniphekile, futhi manje sebemukele umsebenzi njengababaphatheli balelibandla.

5 Bese kuthi-ke ngenkathi lomhlangano wawuqhubeka, futhi ngatshelwa nobambisene nomelusi ukuthi thina, ekukhetheni ibhodi elisha labadikoni, ukuthi laba basebenze isikhathi sabo basiqeda futhi—futhi besula, futhi bekungukukhetha amanye abadikoni. Manje, ibandla . . . Indlela okwenziwa ngayo lokhu, ngukuthi, ibhodi lingaqoka abadikoni, indoda leyo abazihlangise nayo futhi yafunyanwa iyindoda ehloniphekile nelungile.

6 Isikhundla somdikoni yisikhundla esikhulu kakhulu, nokuhlonipheka okukhulu eNkosini ukuba yidikoni ebandleni. Futhi ngakho, emhlanganweni ngobunye ebusuku, indoda ethile yabizelwa kimi. Futhi lapho ihlangana nomelusi, okulandelayo . . . ngaloluLwesihlanu olwedlule, olwavunywa yilendoda ukuthi lawa bekuyindoda ehloniphekile nelungile.

7 Enye insizwa ayeyitholile, yayingafanelekile ngokuyikho (hhayi ngoba yayengesilona uhlobo olufanele lwendoda), le eyaphakanyiswa ngenye indoda ehloniphekile yebhodi lethu labaphatheli. Kodwa lapho umelusi nami sihlanganile, futhi ngabuza iminyaka yalensizwa, ibingasekuqaleni kwamashumi amabili ayo. Ehloniphekile, elungile, indoda yangempela, kodwa kutholakala ukuthi ibingashadile. IBhayibheli lidinga ukuba idikoni libe indoda eshadile. Lifanele yibe yindoda emfazi munye.

8 Bese kuthi-ke enye indoda ibeyindoda ehlonipheke kakhulu, ewufanele kakhulu umsebenzi futhi ibiyoba indoda ethembekile, njengoba umfowethu emphakamisile. Ngakho-ke ngemva kokuphenya udaba, ukuthi lomfowethu ubesanda nje kungena kulokhu kuKholwa, umkakhe akakholelwa kuKho. Khona-ke lokho kweyenqabela indoda esikhundleni. Ngoba ufanele abe nawo wonke umndeni wakhe uzithobile, kufanele nawo futhi ube sekuKholweni, ngoba bekuyoba ngukushayisana.

9 Futhi siyakha manje, futhi sifisa ukubeka lelibandla. Futhi njengombonisi omkhulu webandla, ngifanele ngibone ukuthi kugciniwe, ngokomBhalo, konke kuseZwini ngqo.

10 Futhi ngakho ngakho-ke, manje-ke, kutholakale kufanelekile ngalelibhodi nomelusi, nombonisi, ukukhetha kuleliqembu labantu lapha enye indoda esicabanga ukuthi ihloniphekile futhi iyindoda elungile. Singabaletha kuphela. Futhi kungukuthi, manje-ke, baqokwa yibandla, ngevoti lalo uqobo. Futhi-ke lamadoda ayakusebenza, uma bezwa ukuthi bazosemukela lesisikhundla. Bese-ke bazofika isikhathi esifushane, ukubona uma bezwa ukuthi mhlawumbe uNkulunkulu ubabizile. Futhi uma kamuva, uma bezwa ukuthi abasafanelekile, khona-ke, banelungelo emavikini ambalwa alandelayo ukuba basule esikhundleni, ukuze kuthi omunye umuntu angaqokwa endaweni yabo.

11 Nokho, ekuqaleni kwemvuselelo ukuthi (uma uNkulunkulu ethanda) ngifuna ukuyibamba lapha kulelitabernakele ngokushesha nje lapho sengiphumula, khona-ke ngi—khona-ke ngi . . . sizogcoba labadikoni ngokubeka izandla, abadikoni nomphathisikhwama kulelibandla. Kodwa kuqala afanele aqokwe futhi—futhi sibone ukuthi akuthanda kanjani nokuthi ibandla likuthanda kanjani. Khona-ke uma ku—khona-ke uma kulungile macala omabili, khona-ke senza lamadoda abadikoni agcotshiwe, njengabaPhatheli bakhethwa ngendlela efanayo.

12 Ngukuzibusa nomthetho webandla, ngeZwi likaNkulunkulu. Ngakho-ke, lokho, abakwazi nje ukuthi "Ngicabanga ukuthi lendoda izoba indoda elungileyo," lokho akunjalo, "uMfowethu Neville ucabanga ukuthi lendoda iyoba indoda elungile," noma "ibhodi labaphatheli licabanga ukuthi lendoda iyoba indoda elungile." Kumele kube yibandla! Akekho owenza noma yini ngokwakhe lapha. Yivoti lebandla. Ngukuzibusa kwebandla.

13 Iqoqo elidala lemithetho labhujiswa yisikhukhula sika 1937. Siphinde sakopisha leyo, futhi izolengiswa odongeni lapha maduzane, imisebenzi yabaphatheli, abadikoni, abagcini zimali, kanjalonjalo, umelusi, abambisene naye, nokunye nokunye.

14 Ngomusa kaNkulunkulu, kushiwo kimi, futhi iphesente eliyikhulu levoti ebhodini lalelibandla, ngukuthi bathole ukuthi uMfowethu Hollin Hickerson engenobulungiswa, indoda ohloniphekile, futhi esemgqeni kulesisikhundla ukwamukela u—ukuhlonishwa okukhulu bokuba yidikoni lalelitabernakele elishiwo.

15 Futhi, sitholile, futhi ngevoti lebhodi, ukuthi uMfowethu Collins naye utholakale eyindoda ehloniphekile nelungile. Engumfundisi, yena ngokwakhe, ngakho-ke sizomcela ukuba eze futhi abe yi—yidikoni lebandla; futhi hhayi idikoni kuphela, kodwa obambisene noMfowethu Neville, futhi mhlawumbe eklasini likaSonto sikolo, noma ukuthatha indawo kaMfowethu Neville, noma ngabe yini ebizwayo kuye ukuba abe ngobambisene noMfowethu Neville. Lowo nguMfowethu Collins.

16 Kanti, futhi, ibandla lithole, ngokuphasisa, ukuthi uMfowethu Tony Zabel, indoda ehloniphekile nelungile, futhi ukhethiwe phambi kwebhodi labaphatheli kanye nabelusi, ukuba bamcele ukuba amukele isikhundla sedikoni kulelitabernakele elishiwo.

17 Futhi kuceliwe futhi, futhi kwatholakala indoda ehloniphekile phakathi kwethu . . . (Hhayi . . . laba kungesiyo kuphela indoda ehloniphekile, manje, kodwa nje ekhethwe yibhodi.) UMfowethu Taylor waseHenryville, noma eMemphis, ngikholwa ukuthi kunjalo, eMemphis, eIndiana. Usebe nathi isikhathi esithize, esebenza njengomngenisi noma kungaba yini. Ukuthi ibandla limthandile, noma ibhodi nabelusi, ukuthi uzokwamukela i—isikhundla esikhulu njengedikoni lalelitabernakele elishiwo.

18 Futhi kuceliwe futhi ukuthi umyeni wendodakazi kaMfowethu Mike Egan, uMfowethu—uMfowethu Bob Harned, ukhethwe yibhodi nangabelusi, ukwamukela isikhundla njengomphathisikhwama walelitabernakele elishiwo, okungumsebenzi ohloniphekile, futhi udinga ubulungiswa nenhlonipho.

19 Ngokwenza lokhu, ngiyacabanga, bazalwane bami, ukuthi ukunibiza kusukela lapha, ukuthi kungaba inhlonipho enkulu kini. Futhi hhayi lokho kuphela, kodwa okuthile ukuba kwenziwe.

20 Ngalesi sikhathi ngizoba noMfowethu Neville, esibambisene naye, ukuba afunde izidingakalo zedikoni. Mfowethu Neville, uma uzokufunda eZwini likaNkulunkulu. [UMfowethu Neville ufunda uThimothewu wokuqala 3:8-13—Umhl.]:

> *Kanjalo namadikayoni kufanele abe nesizotha, angabi ndimimbili, angabi ngabanaka kakhulu iwayini* futhi *angahaheli inzuzo;*
>
> *Ephethe imfihlakalo yokukholwa kunembeza omhlophe.*
>
> *Nalabo mabaqale bahlolwe; andukuba babe ngabadikayoni, uma bengasoleki.*
>
> *Ngokunjalo nabesifazane mababenesizotha, bengahlebi, abazithibayo, abathembekayo ezintweni zonke.*
>
> *Amadikayoni mawabe ngamadoda amfazi munye, abusa kahle abantwana bawo nemizi yawo.*
>
> *Ngokuba amadikayoni akhonze kahle azizuzela ukuma kahle, nesibindi esikhulu ekukholweni okukuKristu Jesu.*

21 Amen. Ngizocela ngalesisikhathi lababazalwane ababizwe, uma bebezoqhubekela nje phambili lapha emsamo umzuzwana nje. Futhi sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje senzele umkhuleko, ngifuna bona . . . Nebandla liyazi ukuthi lokhu kuyini, ukuthi lokhu ngukukhetha ibhodi labadikoni benu nomphathisikhwama wenu.

22 Nkosi Jesu, kungokuzothile, ukucabanga ngokunobuNkulunkulu ukuthi siza kuWe manje. Siza ezinhloniphweni zeZwi laKho eliNgcwele kaKhulu, siza sikholwa ukuthi "Onke amazwi omuntu mawabe ngamanga, kepha akaNkulunkulu abe yiqiniso." Futhi sinokubonga kuWe ngaleliBandla uJesu alithenge ngeGazi laKhe uQobo eliligugu, futhi usiphe lesisakhiwo ukuze sikhonzele kuso.

23 Futhi njengababonisi balomhlambi omkhulu, uMoya oNgcwele owasigcobela ukuba sibe yiwo, siyazama manje ukwethula kulelibandla elithembekile, isigejana esilungileyo sendoda esikholwa ukuthi igcwaliswe ngoMoya futhi ilungele isikhundla. Njengoba kuke kwashiwo mayelana nebhodi labadikoni, "Hambani niziqaphe phakathi kwenu, indoda enemibiko emihle nangoMoya oNgcwele, ukuze bakhonze ngalendlela, ukunakekela abafelokazi nezintandane, ukusabalalisa imali, nokunakekela inhlalakahle yebandla." Kamuva eminyakeni, sisanda kufunda nje ukubhala kwalowo

omkhulu, ophefumulelwe, uPawulu ongcwelisiwe, owabeka isimemezelo semiBhalo ngezidingakalo zezikhundla ezinjalo.

24 Nkulunkulu, hlonipha lawa indoda. Futhi manje yisinqumo, Nkosi, njengebandla elizibusayo, njengomzimba weNkosi uJesu, ukuthi benza ukukhetha. Futhi [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...futhi uzoqondisa lengxenye yenkonzo ngendlela ekhethekile, kulelo elilungile neGama likaJesu elingcwele.

25 Manje namakhanda ethu ekhotheme, hhayi amakhanda ethu kuphela kodwa izinhliziyo zethu, futhi njengalo lonke ilunga lalelibandla...oza lapha njalo futhi uliseka ngokweshumi kwakho neminikelo, othathwa njengelunga lalelibandla. Ngekhathi, umelusi nami, ngedwa, sibheka, umelusi engibambisene naye (uMfowethu Neville) nami esibukela kuye. Ngingabuza uma ngabe lelibandla lithola uMfowethu Taylor ukuba abe indoda elungile nefanelekile, ngokucabanga okwedlula konke, ukuba yidikoni phezu kwaleliqembu labantu na? Uzobonisa okufanayo ngokuphakamisa isandla sakho. [UMfowethu Branham uma isikhashana—Umhl.] Kulungile. Manje uma kukhona noma yikuphi ukuphikisa, ungasiphakamisa isandla sakho. [UMfowethu Branham uma isikhashana—Umhl.] Siyabonga.

26 Ngabe noma yiliphi lalamalunga alelibandla lapha lithola...futhi onke, nithola uMfowethu Hollin Hickerson eyindoda enobulungiswa nehloniphekile, nendoda etholakala emehlweni akho ifanelekile ukuba ibe yidikoni lalelibandla elishiwo na? Ungabonisa ngokuphakamisa isandla sakho sokudla. [UMfowethu Branham uma isikhashana—Umhl.] Uma kuphikisana, khona-ke phakamisa isandla sakho. [UMfowethu Branham uma isikhashana—Umhl.]

27 Ngabe lelibandla lithola uMfowethu Collins ukuba ungofanayo, indoda elungile nehloniphekile, futhi iwufanele umsebenzi wokuba yidikoni lalelibandla na? Ungaphakamisa isandla sakho. [UMfowethu Branham uma isikhashana—Umhl.] Kulungile. Ophikisayo, ungaphakamisa isandla sakho. [UMfowethu Branham uma isikhashana—Umhl.]

28 Ngabe lelibandla lithola uMfowethu Tony Zabel ukuthi uyindoda ehloniphekile nefanele lesisikhundla, sokuba yidikoni phezu kwalomhlambi kulelibandla elishiwo na? Ungaphakamisa isandla sakho sokudla. [UMfowethu Branham uma isikhashana—Umhl.] Ophikisayo, ungaphakamisa isandla sakho. [UMfowethu Branham uma isikhashana—Umhl.]

29 Ngabe lelibandla lizwa ukuthi uMfowethu Harned uyindoda enobulungisa nelungileyo, obe nathi isikhathi esithile, ukuba abe ngumphathisikhwama, unobhala-mphathisikhwama walelibandla, ukuphatha izimali zalo nokukhokhela izikweletu zalo na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sokudla.

[UMfowethu Branham uma isikhashana—Umhl.] Ngabe ukhona okuphikisayo, phakamisa isandla sakho sokudla. [UMfowethu Branham uma isikhashana—Umhl.]

30 Ngifisa ukusho ku—kubazalwane abami ngalesisikhathi samanje, onyaweni lwalesisiphambano, ukuthi lelibandla, ngekhulu lamaphesenti (akukho kuphikisa nhlobo), kutholakala ukuthi nonke nifanelekile emehlweni kaNkulunkulu kulesisikhundla uNkulunkulu akubizele kuso.

31 Manje, wena, njengoba kwashiwo, "Nalabo mabaqale bahlole, andukuba babe ngabadikayoni uma bengasoleki." Emavikini ambalwa, uNkulunkulu ethanda, ngizobuyela emuva ukuba ngibeke izandla phezu kwaleliqembu lendoda, ukubenza babe ngelisemthethweni itrust-. . . noma abadikoni balelibandla, nomphathisikhwama.

Masikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje:

32 Nkosi, siyajabula kulobubusuku ukuthi kukhona indoda esaphila kulomhlaba engahamba ngokwesaba uNkulunkulu phambi kwezwe; emesaba kakhulu uNkulunkulu ukuthi itabernakele, ngemithetho eqinile leli elinayo, lingavotela indoda amahlanu esikhundleni njengabaholi balo, ngaphandle kwevoti elilodwa eliphikisayo. Siyabajabulela, futhi sinomuzwa wokuthi Wena ubenathi ekwenzeni lezizinqumo, ibhodi nathi belusi.

33 Nkulunkulu, busisa lawa indoda. Futhi kwangathi bangaphatha lesisikhundla ngenhliziyo yabo yonke, bazi ukuthi sibathengela iziqu ezinkulu eZulwini. Ngolunye usuku lapho iZincwadi zaseZulwini ziyakuvalwa, kwangathi iNcwadi yezidalwa zasezulwini naseNcwadini enkulu yaseZulwini ingavulwa, kwangathi amagama abo abe ikhulu lamaphesenti phambi kukaNkulunkulu noMsindisi nawo wonke amabandla aseZulwini, ukuba afane eMbusweni waKhe. Babusise, Nkosi, futhi kwangathi bangaphatha kahle lesisikhundla. EGameni likaJesu siyaKubonga ngabo. Amen.

34 Ngifuna nje ukuxhawula izandla zenu, [UMfowethu Branham uxhawula izandla zabo—Umhl.] UMfowethu Harned, noMfowethu Zabel, noMfowethu Collins, uMfowethu Hickerson, noMfowethu Taylor. Ngiyajabula kakhulu ukwazi ukuthi sihlanganyele ndawonye sonke lesisikhathi nendoda ehlonipheke kangaka. UNkulunkulu anibusise manje. Futhi sizonibona ngokushesha, ngokushesha nje lapho ngithola ukuphumula okuncane, ukuba ngibuye, futhi ngibone ukuthi usithanda kanjani isikhundla sakho. Kulungile, ngevoti labo, ngicabanga kube yikhulu lamaphesenti, akukho kuphikisa nhlobo.

35 O, anijabuli yini ukuthi nizihlanganisa nabantu namhlanje ongaphila phambi kukaNkulunkulu, omesabayo uNkulunkulu,

futhi baphile ngaphambi kwalelizwe lanamuhla kulesosimo na? Kuyinto enhle kakhulu.

36 Futhi ngiyajabula kakhulu ukwazi kulobu busuku ukuthi nginenhlanhla yo—yokuba nalawa indoda nalelibandla babe abangane bami. Ngiyajabula kakhulu ukuthi uNkulunkulu ungivumele ngizihlanganise mina uqobo neBandla laKhe emhlabeni jikelele. O, badelelwa futhi benqatshwa futhi kwakhulunywa ngabo, futhi njengoba ngishilo kulokhu ukusa emlayezweni wami, mhlawumbe nje abaxovi bodaka, indlela izwe elibabheka ngayo, njenge "sigejane sezinhlanya," kepha uNkulunkulu ubabuka njengabantwana baKhe. Ngijabula kakhulu ngalokho. Bangahle bangakwazi ukukutshela ukuthi mangaki amamayela ukuya enyangeni. Bangahle bangakwazi ukukutshela lonke uhlelo lokuphathelene nelanga nokuthi lusebenza kanjani. Kepha kunento eyodwa abayaziyo, bayalazi ihora abazalwa ngokusha ngalo. Ngiyajabula kakhulu ngabo.

37 Futhi njengomfanekiso omncane engawufunda, futhi ngizozihlanganisa kulobu busuku namantombazane ami amancane amabili ukuthi ukukwenza ukuba kubuyele ekhaya kithi, ukukwenza kube ngokoqobo kithi, ukuthi uzoyiqonda incazelo yakho. Ngokunye ukusa, ngivuka embhedeni . . . Nginamantombazane amabili amancane. Enye yawo uRebekah, nenye yawo nguSarah, futhi angamantombazane amancane kababayi.

38 Futhi nginomfana omncane, uJoseph. Futhi ngangivela eChattanooga, komunye womhlangano ngobunye ubusuku, ngenkathi ngangilapho kulomkhankaso wokugcina. Futhi ngangise—semotweni, ngihambisana nendodana yami endala, uBilly. Umkakhe noMeda babesemotweni, namantombazane. Futhi njengoba sasiqhubekela phambili, akekho owake wakhuluma utho amabhuloki amaningana edolobha. Futhi ngangisike kakhudlwanyana abantu ngalobo busuku ngendlela ababenza ngayo. Futhi akekho owayesho noma yini. Futhi uJoseph omncane uza ngapha futhi wangibamba ngehlombe, wathi, "Babayi, ushumayele ngampela kulobubusuku!"

39 Futhi kulokhu ukusa, njengoba bengisuka ngihamba futhi ngikhuphukela kuMgwaqo uEighth noTenth, i . . . noma uPenn noTenth, njalo, akekho oke wathi vu, unkosikazi namantombazane amabili. Futhi uJoseph omncane wangibamba ehlombe futhi, wathi, "Babayi, lokho, ngikuthande ngempela lokho kushumayela kulokhu ukusa," washo.

Ngathi, "Awu, nginomlandeli oyedwa, lowo yindodana yami."

40 Futhi esishweni sethu esincane. Phezulu ngokunye ukusa, ngihlezi egumbini, uBecky omncane uphuma egijima futhi, uthi, wagxamalezela umlenze wami wayesengigaxa, futhi uyintombazanyana kababayi. Futhi wayengisingatha.

Futhi uSarah omncane wagxuma wavuka embhedeni namaphijama akhe amancane wayethi, uthi, eza egijima elandela. Ungonamehlo amancane ansundu.

41 UBecky omncane wayengathi, "O, Sarah, asikho isidingo sokuba uze, ngoba nginaye wonke uBabayi kimi. UBabayi ungowami wonke!" NoSarah omcane, izindebe zakhe ezincane zehla, amehlo akhe amancane ansundu avaleka. Ngaqhweba ka*nje* ngase ngikhipha elinye idolo, futhi uyafika futhi wagxamalaza kulo.

42 UBecky unemilenze emide, ngakho yayifinyelela kwiphansi. USarah omncane wayebhadazela, ngakho ngagaxa uSarah ngezingalo zami zombili. USarah omncane wabuka ngale kuBecky wayesethi, "Becky, ungaba noBabayi wonke, kodwa uBabayi unami wonke!"

43 Futhi ngicabanga ukuthi kungaleyondlela lapha. Singahle singazi konke okwesayense yezenkolo nawo wonke amagama amakhulu esiGreki, leliqembu labantu lingahle lingazi. Kodwa kunento eyodwa eqinisekile, ngikholwa ukuthi uJesu u*nathi* sonke. Amen.

Kulungile, Mfowethu Neville.

